UMUSA WAKHO WOTHANDO

Ngiyabonga kakhulu, Mfowethu Arnold.

Asikhothamise amakhanda ethu umzuzwana nje ngomkhuleko.

2 Baba onomusa, siza eBukhoneni baKho bobuNkulunkulu manje ukunikela kuWe ukubonga, nokuzwakalisa kuWe khona impela ukudumisa kwezinhliziyo zethu, ngokuba qiniso siyaKudumisa. Futhi sizocela ukuthi izibusiso zaKho zifike kithi kulobubusuku engxenyeni eqhubekayo yalenkonzo.

3 Makuthi abangasindisiwe, Nkosi, babone indawo abahlala kuyo namhlanje, babalekele esiphambanweni ukuze baphephe. Futhi kwangathi labo abangahambi beqondile phambi kwaKho, nakuba bezisho ukuthi bangabantwana baKho, kwangathi bangaba namahloni ngakho konke ngesimilo sabo, njengoba bezisho ukuthi bangabantwana bakaNkulunkulu futhi baphile impilo egcwele ihlazo.

4 Sizocela kulobubusuku ukuthi Uzokhumbula abagulayo nabahluphekile olapha eBukhoneni bobuNkulunkulu, kanye nabanye abasemhlabeni jikelele. Phulukisa abagulayo kulobubusuku, Nkosi, letha kithi injabulo esiyifunayo.

5 Nalabo abangamadoda nabesifazane abayizihambi ohambweni lwempilo, abanye babo, Nkosi, kade besensimini isikhathi eside, akukho neyodwa into abake bayenzela inkazimulo yaKho efihlakele kuWe, Ukhumbula sonke isenzo esincane, nabo bonke ubuhlungu benhliziyo, nakho konke abakuhluphekele ngenxa yoMbuso. Futhi ngoluny'usuku bayokwemukela lowomvuzo omkhulu lapho imiqhele izonikezelwa. SizoKucela kulobubusuku ukuba ukhuthaze labobantu.

6 Futhi kwangathi singabopha i—izikhali zikaNkulunkulu ziqine kakhudlwana kulobubusuku, siye phambili empini kusasa lapho okulungile nokungalungile kubhekwana nakho. Kwangathi singesabe njengoba sihamba, kodwa sazi ukuthi iNkanyezi yoKusa ikhanya phezu kwethu. "Futhi uma uNkulunkulu engakithi, ngubani oyakumelana nathi," noma ngubani oyakuthinta abagcotshiweyo beNkosi na? Kwangathi lokho kungaba yinduduzo yalo lonke ikholwa. Siphe khona, Nkosi.

7 Futhi njengoba sesizophenya amakhasi owaKho ongcwele nomBhalo oNgcwele esiwubiza ngeBhayibheli, siphe lengxenye kulobubusuku, Nkosi, emiBhalweni, ezonakekela lezizicelo esizicelayo, gcoba ukufundwa kweZwi nokushunyayelwa kweZwi. Kwangathi uMoya oNgcwele ungangena eZwini,

futhi ungene kumshumayeli, futhi ungene ezethamelini ukuthi siyokhohlwa ngisho nokuthi sikuphi, ukuthi uMoya oNgcwele uzosenza sibe ngaphansi kokulawula kakhulu ukuthi uNkulunkulu uzokhuliswa, inkazimulo izofinyelela eGameni laKhe. Siphe lezizibusiso, Baba, njengoba siqhubeka silinda kuWe. EGameni likaJesu elibusisiweyo, eliNgcwele, siyakucela. Amen.

8 Okwengxenye encane nje yesikhathi senu, futhi ngineqiniso ukuthi beniyobusiswa uma beningasuka esakhiweni manje niye emakhaya enu, ukufundwa kweZwi noma amaculo esiwazwile, ukuthi niyobusiswa.

9 Ngibambekile ngqi kancane nje kulobubusuku emgwaqeni ngale, kube nengozi ebhulohweni. Futhi ngilinde nje uBilly ukuba enyuke futhi abone ukuthi bese bengilungele yini, futhi bengikhuleka ngoba abanye babantu abebekade bebandanyekile engozini bebe, bekubukeka sengathi kimi, abantu abangamaKristu. Futhi—futhi bebe . . . amaphoyisa abesenza siqhubeke, akekho obonakale elimele kakhulu, kodwa nje esiqhubela phambili, futhi sibambezelekile kancane nje. Uma kungukuthi abanye babafowethu nodadewethu abathandekayo ubambeke engozini, Nkulunkulu bakhulule kunoma yikuphi ukulimala.

10 Futhi manje, kulobubusuku, ngifisa niphenye, uma nigcina phansi ukufundwa komBhalo, eNcwadini yamaHubo, iHubo 63 namavesi amathathu okuqala. Siyezwa ukuthi sikhethe lokhu kulobubusuku okokufundisisa kwethu iZwi.

> *O Nkulunkulu, wena unguNkulunkulu wami; ngiyakukufuna ekuseni: umphefumulo wami* womela *wena, inyama yami iyakulangazelela ezweni elomileyo eligagadekileyo, lapho amanzi engekho khona;*
>
> *Kanjalo ngikubheka endlini* yaKho *engcwele, ngibone amandla akho nenkazimulo yaKho.*
>
> *Ngokuba umusa wakho wothando ungcono kunokuphila, izindebe zami ziyakukudumisa.*

11 Lona ngumBhalo ongejwayelekile kakhulu. Futhi ngenkathi ngifunda lomBhalo, bengizama ukucabanga ngokuthi umprofethi ufanele ukuthi wayecabangani ngenkathi enza lesisicaphuno: "Umusa waKho wothando ungcono kimi kunokuphila." Angikwazi ukucabanga nganoma yini engcono kunokuphila. Ungahle ufingqe yonke into oyaziyo, nayo yonke into enhle owazi ngayo, futhi bekungebebikho lutho oluthatha indawo yokuphila, ngokuba zonke izinto zifanele zibe nokuphela ngaphandle kokuPhila okuPhakade.

12 Futhi uDavide, eqaphela uBukhona bukaNkulunkulu, nokuthi uNkulunkulu wayembusise kanjani, nokuthi umbone kanjani uNkulunkulu emvelweni lapho ehamba ngasemadlelweni anomthunzi, aluhlaza futhi ehla ngasemanzini

athule. Nomhubi omkhulu njengoba abhala amaHubo phandle lapho athola khona uNkulunkulu emvelweni. Uma nje uzoqalaza, ungaMbona kuyo yonke imvelo. O, ngiyathanda ukubuka uNkulunkulu. UngaMbona uma nje uzobuka ngamehlo aKhe.

13 Esikhathini esithize esedlule, ngangelusa izinkomo enhla le e-Arapaho Forest, phandle ngaphesheya kweBerthoud Pass eColorado. Futhi ngangiphezulu lapho nje ngiphumule emihlanganweni. Futhi ngangivame ukufuya izinkomo kancane phezulu lapho nomunye umfo.

14 Futhi ngi . . . Ngolunye usuku ngenkathi sisesekuqoqeni izinkomo entwasahlobo, singenisa izinkomo, nganginika izinkomo usawoti. Futhi ngagibela, emva kokuba sengithulule ihhashi eligitshelwayo, ngase ngenyukela esiqongweni sentaba, futhi ngangibuka nje ngezibuko zami ukubona lapho izinkomo zazithola khona izikhundla zazo nezindawo, kusukela esiqongweni sentaba, futhi ngabona umbono ongejwayelekile, ngabona umama khozi omdala ethatha abancinyane bakhe esidlekeni.

15 Futhi ngababhekisisa kancanyana nje, ngoba uNkulunkulu wakhuluma eBhayibhelini ukuthi Wafanisa abantu baKhe nezinkozi. Nokuthi kanjani lomama khozi omdala, ukuthi wabathola kanjani labo abancinyane emaphikweni akhe, futhi wabehlisela e—edlelweni eliluhlaza. Futhi lapho, emva kokudedela abancinyane bakhe, wandizela phezulu le esiqongweni esiphakeme kunazo zonke ayengasithola. Futhi wahlala phansi edwaleni, ephenduka ebuka empumalanga, entshonalanga, enyakatho, naseningizimu ukubona ukuthi yayikhona yini ingozi.

16 Niyazi, nizwa okuningi kakhulu ukukhuluma ngoklebe, uklebe awuqhathaniseki nhlobo nokhozi. Amehlo alo angcono ngamaphesenti angamashumi amahlanu kunoklebe, lushesha kakhulu. Lungawubulala uklebe ngesimo sokuziphatha, e, ukuphakama lapho lwenyuka, uklebe ungeke walulandela, ukhozi lwenziwe . . . UNkulunkulu wafanisa abaprofethi baKhe nezinkozi ezindizela phezulu le ukuthi zingabona izinto zikude, ziza.

17 Futhi lapho ngicambalala lapho ngesisu sami naphezu kwedwala, ngibhekisisa lolukhozi olukhulu, ngalutadisha lapho lelokhanda elikhulu liqala ukuphenduka futhi lubuke, lawomehlo ahlabayo ebuka nxazonke. Ngacabanga, “Yebo, kunjalo. Lezozinkozi ezincane zazalelwa esidlekeni.”

18 Futhi, o, uma wake waba ngakolunye lwezidleke zazo, kunuka kabi. Futhi senziwe ngezinduku namakhakhasi, futhi simbozwe ngezikhumba zikanogwaja nesikhumba semvu uma singasithola. Kodwa lapho lulungela ukushukumisa lesosidleke, luphonsa konke lokho ngaphandle futhi lukwenze

kube lusizi ngempela kumachwane alo. Futhi ngezinye izikhathi uNkulunkulu uyakwenza lokho futhi lapho Eshukumisa isidleke, Usenza sibe lusizi kakhulu awusafuni ukuhlala isikhathi eside kunalokho, Uhlakaza isidleke.

19 Kodwa ngase-ke ngicabanga . . . Olwakwenza emva kokudedela abantwanyana balo ezansi ensimini enotshani, babengakaze babubone utshani obuluhlaza ngaphambili namanzi egeleza, kodwa lathatha uthi lwalo oluphumula kulo laya phezulu le ukuze lukwazi ukuqapha labobafo abancane. Futhi lalingaphakeme kakhulu, kodwa ukuthi ijubane lamaphiko alo ayengahamba phakathi kwe—kwesikhathi somzuzwana ukubahlenga. Ngacabanga, "Qhabo, ngiyamangala uDavide wayengabuka futhi abone uNkulunkulu emvelweni yaKhe."

20 UJesu wafa ukuze Asisindise, futhi Ukhwele izingange zeNkazimulo, futhi uhlezi ngakwesokunene soMkhulu kaNkulunkulu eqapha ifa laKhe, amachwane aKhe. Njengoba imbongi yathi, "Iso laKhe likumzwilili, futhi ngiyazi Uyangibhekisisa." Akukho neyodwa into engenzeka kuwe, kodwa Aziyo ngayo.

21 Futhi ngacabanga, "Abanandaba kanjani labobafo abancane ngengozi!" Basanda kuthola izimpaphe zabo ezincane zamaphiko, futhi abakwazanga nje ukundiza, kodwa babegumbuqela phezu komunye nomunye, futhi bedonsa utshani, futhi nje benemvuselelo ejwayelekile yePentecostal, bengakhathazekile, ngoba babazi ukuthi umama wayebaqaphile. Futhi bebefanele bangakhathazeki kanjani abantwana bakaNkulunkulu lapho bazi ukuthi uNkulunkulu uqaphe ifa laKhe!

22 Futhi ngabuka, futhi inhliziyo yami yashaya kanzima, futhi ngangithatha iduku lami elidala elibomvu ukuze ngisule unyembezi lwenjabulo emehlweni ami lapho ngicambalala ngithule ngibabhekisisa.

23 Futhi masinyane, emva kokuba babenesikhathi esimnandi ngempela, nakho kufika isiphepho sabhonga umdumo, ngokushesha, amafu ayaphakama. Futhi ufanele uphuthume ukuyokhosela lapho kufika esaseNyakatho, ngoba imvula ifika ngokushesha kakhulu kulezozigodi, ngaphesheya kwesiqongo sezintaba. Sifihlekile size sifike phezu kwentaba khona manjalo.

24 Futhi lwadazuluka kakhulu, futhi lwasho lwehla ngaleyomithi wokwenza amapulangwe lwandiza njengenamandla, indiza enkulu. Futhi ngenkathi lushaya phansi, lwakhala kakhulu, nazo zonke lezozinkozi ezincane zeza, zafaka izinyawo zazo ezincane ezimpapheni zamaphiko alo ngqo, zathatha umlomo wazo omncane futhi zabamba kahle, zabambelela ngqi, futhi lwaphakama ngalawomaphiko anamandla. Futhi nakuba umoya ushanela wehla unqamula

esicongweni sentaba cishe amamayela angamashumi ayisithupha ngehora, laziqhuba nalezozinkozi ezincane lwayongena edwaleni lokuphepha. O, uma nje nizoqalaza, ningambona uNkulunkulu ndawo zonke!

25 Ngelinye ilanga uJesu uzofika. Ngaphambi kokuba ibhomu le-athomu libhubhise iBandla laKhe, Uzofika futhi elule amaphiko aKhe, nabantwana baKhe bazolazi iPhimbo laKhe, lokho kumemeza okwejwayelekile Akunikezayo lapho Esuka ezingangeni zeNkazimulo, neBandla laKhe lizohlwithwa emaphikweni ensindiso yaKhe. Akunandaba ukuthi izimbubhiso imbi kanjani, Ubhekile.

26 Futhi ngenkathi ngizwa uDavide lapha ethi, "Umusa wakho-wothando ungcono kimi kunokuphila," khona-ke ngicabanga ukuthi akukho obekungaba ngcono kunokuphila, kufanele kube nenye incazelo, noma kufanele kube nezinhlobo ezimbili zo*kuphila*. Futhi kukhona izinhlobo ezimbili zo*kuphila*: Kukhona ukuphila okuholela ekubhujisweni, futhi kukhona ukuphila okuholela kokuphakade.

27 Futhi lokhu *kuphila* abantu abacabanga ukuthi lokho ngukuphila, udeveli uphendukezele ukuphila kwangoqobo kwangempela futhi ekwenza ucabange ukuthi uphila ngempela lapho ungenjalo. Uzama ukukwenza ucabange ukuthi lokho ukuba nenqwaba yezingubo ezinhle, ukuba ube nemoto enhle, ube nezintela zikhokhelwe endaweni yakho, uyaphila, kodwa ulahlekile. Yilapho iMelika ekhohliswe khona namhlanje. Futhi abanye abantu bacabanga ukuthi ngoba banokuphila, baphumile begibele, bezitika ngenjabulo, lokho akusikho ukuphila, lokho ngukufa.

28 Esikhathini esithile esedlule kwelibanzi, idolobha laseCanada, ngangibambe umhlangano. Futhi ngenkathi ngivela e—enkundleni enkulu evalekile nginomhlangano othandekayo ngalobobusuku, futhi ngangikulelihhotela elikhulu, angazi noma sinayo yini into efana nalo eStates, futhi ngangenyuka ngekheshi, futhi ngaqaphela amabhodlela kagologo ebekwe ekheshini.

29 Kanti, futhi, ngaleyontambama kwakukade kukhona isigejane esikhulu sabaseMelika abenyukela lapho. Inhlangano, inhlangano yomphakathi, idlangala lalinokuhlangana kwabo konyaka. Kwakukhona cishe abaseMelika abangamakhulu amahlanu noma ayisithupha lapho, futhi ngempela babenesikhathi.

30 Ngenkathi ngehla ekheshini . . . Konke phansi kwiphansi ngalinye lapho udlula, wawuzwa ukumpongoloza, nokumemeza okukhulu, nokudansa, futhi babecabanga ukuthi babenesikhathi esimnandi, kodwa lolohlobo lokuphila luhlala endaweni lapho amadoda efuna ukususa lolohlobo lokuphila, bathatha ivolovolo futhi baqhumise ubuchopho babo, ngakho

uDavide wayengeke akhulume ngalolohlobo lokuphila. Luba lusizi kakhulu abantu baze bagxume emabhulohweni, bathatha ushevu ukuqeda lokho kuphila, ngakho uDavide wayengeke akhulume ngalolohlobo lokuphila.

31 Futhi ngenkathi ikheshi lami lima, ngezwa umsindo ezansi ngasephaseji, ngase ngibuka, futhi nakhu kufika abesifazane ababili baseMelika begqoke nje izingubo zabo zangaphansi, o, mhlawumbe amashumi amabili nesishiyagalombili, amashumi amabili nesithupha, (ndawondawo phakathi lapho) iminyaka ubudala, phansi kwamashumi amathathu, mhlawumbe omama. O, indlela yaseMelika yokucabanga: "Kungukuzijabulisa okuncane nje okuhlanzekile." Kungcolile, isono esimnyama! IBhayibheli lathi, "Ophila ngokutamasa ufile esaphila." Kodwa, o, sicabanga ukuthi lokho ukuzijabulisa okungenacala, kuyisango lokuya esihogweni!

32 Nalaba besifazane abasebasha, mhlampe abayeni babo ekhaya bedlala ukuba oneni ngenkathi iphathi yokutisha nokuthunga yabo yayinokuzijabulisa okuncane, bedakwe bemanzi te begqoke izingubo zabo zangaphansi kuphela, ibhodlela likagologo esandleni sabo, namadoda ebadonsa ekamelweni beya ekamelweni. "Okuncane nje, okuhlanzekile, ukuzijabulisa kwaseMelika."

33 Ucabanga ukuthi uNkulunkulu ucabangani ngalokho na? Futhi mhlawumbe abaningi owesilisa lapho, edonsa laba besifazane nomkakhe omsulwa ekhaya behlezi nezingane. "Ukuzijabulisa okuncane nje nobasi nabafana."

34 Futhi ngahlehla endaweni encane, ephethelweni elincane. Futhi babehla, bediyazela, abesifazane abahle, futhi bama base bedlulisa ibhodlela omunye komunye, badonsa isiketi sabo esincane sento ababeyigqokile, isiketi sabo sangaphansi, baphosa imilenze yabo emoyeni, base bethi, "Whupi! Lokhu ngukuphila!"

35 Angibange ngisakwazi ukukumela, ngaphuma, ngathi, "Unephutha, nenekazi, lokho ngukufa!" Laphenduka lase lingibuka. Ngawelela kuwo, nganginalo kanye leliBhayibheli esandleni sami, ngathi, "Ngingumshumayeli weVangeli, nami, futhi, ngingumMelika. Futhi nibiza lokho ngokuphila na? Nidukisiwe, nodeveli unidukisile, lowo ngumgwaqo oya esihogweni nokwehlukana kwaPhakade eBukhoneni bukaNkulunkulu ophilayo."

36 Abukana, nokwabo ukupend- . . . ukupenda izinzipho, noma ngabe nikubiza ngani izinto abazifaka ebusweni babo, macala onke lapho ababekade bangiwe khona futhi baqhubeka, izinwele zabo zehlela phansi, abukana, ase esho ehla ngephaseji.

37 O Nkulunkulu, yiba nomusa kulesisizwe esihlubukile esizenzisayo, sizibiza ngesizwe samaKristu futhi siphila ngobuphukuphuku nesono kanjalo! Uma uNkulunkulu

engasehluleli lesisizwe ngesono saso, sizo . . . UNkulunkulu uzoba ngolungileyo, Uzofanele avuse iSodoma neGomora futhi axolise kubo. Siqonde ekwahlulelweni.

38 Akumangalisi iziputniki zintweza ezibhakabhakeni, nezizwe ziyesaba. Sisesikhathini sokuphela. UNkulunkulu unesihawu. UKristu wathi, "Uma umsebenzi wawungafinyezwanga ngabaKhethiweyo, bekungebebikho ngisho nyama esindiswayo."

39 O, kuyinto edabukisa kanje pho! Udeveli uphendukezela lezozinto. Ukwenza ucabange ukuthi uyaphila lapho ufile.

40 Manje, yini eyenza umfo, khona-ke, ome na? Kunesizathu esithize salokho. Yini eyenza abantu bafune ukuphuza na? Yini eyenza abesifazane bafune ukungethembeki, nabesilisa bangathembeki na? Okubenza bafise ukujoyina amabandla azitika kokunjalo njengokudlala amakhadi, ukubhema usikilidi, nalo lonke lolohlobo lwezinto ezinjalo na? Yingoba uNkulunkulu wenza umuntu ukuba ome, noNkulunkulu wakwenza wome, yingakho woma, kodwa Wakwenza ukuba womele Yena. Lokho koma kwenziwa kuwe ukomela Yena, kodwa udeveli ukuphendukezele, futhi ezama ukukwenza weneliseke ngokuzama ukucima leyo ebusisiwe, into engcwele ngesono. Awunalungelo lokuzama ukuqeda lokho okubusisiwe, ukoma okungcwele ngokuphuza nokugxambuza esonweni, kukhumbule lokho.

41 UNkulunkulu wakwenza ukuba womele Yena ngokulunga, nodeveli uyakuphendula. O, ziningi izinto azama ukukucima ngazo. Yingalesosizathu nina bantu ningasayi esontweni ngoLwesithathu ebusuku, ubungaqoka ukuhlala ekhaya futhi ubuke ithelevishini ethize endala engcolile ka*We Love Susie*. O, bese-ke uthi uyamthanda uNkulunkulu na? Akumangalisi singeke saba nemvuselelo eMelika!

42 Futhi emishinini yenu yamarekhodi ninalawomaculo amadala angcolile ka-Elvis Presley, naso sonke lesosigejane semfucumfucu yaseTennessee laphaya, *All Shook Up*, ngelinye ilanga niyonyakaziswa nonke. U-Arthur Godfrey nabo bonke lobo buphukuphuku nina besifazane enibulalelayo lokho ekuseni, futhi nizibize ngamaKristu ngawo onke lawomahlaya amadala anenhlamba, uzama ukuzenelisa, kanti benifanele nibe neBhayibheli lenu livuliwe ndawondawo emhlanganweni womkhuleko, nikhuleka kuNkulunkulu uSomandla. Awunalungelo lokuzama ukuqeda lokho koma okungcwele ngezinto zezwe.

43 Futhi ngiyamangala njengoba ngibuke esitaladini, eminyakeni embalwa edlule ngenkathi ngiqala ukuza emabandleni ePentecostal ngenkathi ngishiya iBaptisti, abesifazane babevamise ukugqoka njengoba abesifazane

bebefanele bagqoke, kodwa abasakwenzi, nhlobo. Yini indaba na? O, ngiyazi, lokhu kungahle kukwenze ugule kancanyana nje.

44 Ngenkathi ngisengumfanyana ngakhuliswa enhla lapha eKentucky, sasimpofu kakhulu, uphizi onamehlo amnyama nesinkwa sommbila kwakuyikho konke esasinakho kathathu ngosuku. Futhi uMama wayevame ukwehla esuka esitolo esidala, isitolo sasemaphandleni, izingcezu zikabhekeni, futhi wayezikhama ukuba enze ugrisi wesinkwa sommbila. Futhi ngiyakhumbula, njalo ngoMgqibelo ebusuku sonke isigejane soBranham abancane sasikhuphukela komdala, ubhavu womsedari bese sithatha lokho kugeza kwangoMgqibelo ebusuku, sishintshe isikhinjana sangaphansi eside, futhi ngamunye athathe umthamo omkhulu kakhasta oyela. Angikwazi nje ukumela izinto namanje. Futhi mina ngingomdala kunabo bonke, ngangidingeke ngiwuthathe kuqala, futhi lapho ngifika kumama wami, ngangibamba ikhala lami, futhi ngithi, "Mama, kungenza ngigule kakhulu ukuba ngisho ngiwuhogele!"

Futhi wayethi, "Billy, uma kungakugulisi, akukusizi ngalutho."

45 Yileyondlela ukushunyayelwa kweVangeli okuyiyo, uma kungashukumisi ingaphakathi lakho, akukusizi kangako.

46 Abesifazane abangamaKristu bePentecostal phandle esitaladini begqoke amabhulukwe amasleksi! Uyazi, nenekazi, ukuthi iBhayibheli lasho ukuthi owesifazane ozogqoka noma iyiphi ingubo engeyowesilisa, kuyisinengiso na? Futhi nigqoke izingubo ezindadlana, izikhindi, futhi niphumele egcekeni lapho nje amadoda eza ekhaya evela emsebenzini. Niyaqonda ukuthi lokho kungukukhwelwa yidemoni na?

47 Lalela, nenekazi, ugqoka lezizingubo ezindadlana ezingcolile abazithengisayo kulezizitolo, ezibukeka zikhanukisa, ungahle ubemsulwa njengomnduze kumyeni wakho, kodwa uma ugqoka kanjalo, futhi ungene esitaladini, futhi isoni siyakubuka, unecala lokuphinga nalesosoni, futhi eNkantolo yokwaHlulelwa uzophendula ngakho. UJesu Kristu iNdodana ebusisiwe kaNkulunkulu ophilayo wathi, "Yilowo nalowo obuka owesifazane amkhanuke, usephingile naye enhliziyweni yakhe." Lapho lesosoni siphendula ngokuphinga, nguwe esakwenza naye.

48 "Ngani," wena uthi, "lelo yiphutha laso."

Yiphutha lakho ngokuziveza kanjalo.

"O," wena uthi, "kodwa, Mfowethu Branham, abathengisi olunye uhlobo lwezingubo ngaphandle kwazo."

49 Awu, basayithengisa imishini yokuthunga nezimpahla. Ngiyazi ukuthi leyo yimfashini endala, kodwa yilokho izwe elikudingayo namhlanje. UNkulunkulu uyasizonda isono,

kodwa Uyasithanda isoni. Abantu abakwazi nje ukukuthatha, yilokho kuphela.

50 Wena uthi, "Kuthiwani ngamadoda na?"

51 Kulungile, nakhu lapho okhona: Indoda ezovumela umkayo agqoke kanjalo, futhi abheme osikilidi, kukhombisa ukuthi uyindoda kangakanani. Yilokho impela okuyikho. Ufanele ube yinhloko yendlu, kodwa awunjalo. Yiqiniso lelo. Nodeveli uyakwenza lokho ezama ukuqeda lokho koma okungcwele. Uma umuntu ethanda uNkulunkulu, angethande umamona ngesikhathi esifanayo. "Uma nithanda izwe, noma izinto zezwe, yingoba u—uthando lukaBaba alukho ngisho nakini." Manje, niyabona ukuthi kungani singeke sibe nemvuselelo na?

52 Ningahle ningangithandi emva kwalokhu, kodwa eNkantolo yokwaHlulelwa niyokwazi ukuthi nginitshele iqiniso.

53 Kwenzekani na? Kwakuvame ukuba nomshumayeli omdala oyiMethodisti ogama linguMfowethu Kelly, wayevame ukucula iculo:

> Sehlise imigoqo, sehlise imigoqo,
> Sixegise ngesono.
> Sehlise imigoqo, izimvu zaphuma,
> Kodwa izimbuzi zingene kanjani na?

54 Nehlise imigoqo, kunjalo impela, nixegisa ngesono. O Nkulunkulu, yiba nomusa!

55 Niyazi ukuthi iBhayibheli lathini na? UKristu uyiSabelo sakho esenelisayo kulo lonke ikholwa. Bekungeke kube yinto eyimfihlakalo kimi uma ngiphumele ezweni futhi ngabona i—ingulube enqwabeni yomquba, idla, leyo yimvelo yayo, kodwa ngiyomangala ngempela uma ngibone iwundlu lidla kanye nayo. Kunjalo. Umoya okuwe uyafakaza ukuthi uyini. "Niyakubazi ngezithelo zabo."

56 Pentecost, sidinga ukuhlanzwa kusukela epulpiti, kuya, yonke indlela kuye ekamelweni elingaphansi. Lokho kungokwenu maBaptisti futhi, iMethodisti, iPresbyterian, sonke isigejane senu, sidinga ukuhlanzwa kwendlu, uMlilo kaNkulunkulu oNgcwele. NinoMlilo ekamelweni elingaphansi lapho Ubufanele ube se-altare nakuyo yonke inhliziyo, hhayi ekamelweni elingaphansi.

57 Sesishintshe ikamelo eliphezulu laba yikamelo lokudla kwakusihlwa ukuba sithole imali eyanele yokukhokhela umshumayeli. Ngingamane ngilale ngesisu sami, futhi ngiphuze amanzi egatsha, futhi ngidle amakhekhe omile kasoda futhi ngishumayele iqiniso kunokuba ngibe nenkukhu ethosiwe kathathu ngosuku futhi ngixegise ngesono. Amen.

58 Uzama ukuqeda lokho koma uNkulunkulu akufake kuwe, hhayi ukuzwa ihlazo njengo-Arthur Godfrey, noma abanye balabo abanye abakhohlisi bomlomo ongcolile, lobo akusibo

ubuMelika bangempela, lobo ngubuhogo. Kunjalo. Kuphuma ezifubeni zesihogo. Akumangalisi isizwe sakithi sesihambile, into enjengaleyo, futhi kushushumbe kwangena ngqo ebandleni.

59 Udeveli wazi ukuthi kwenziwa kanjani uku . . . Ugcina abantwana bakho embukisweni wesithombe, wakufaka endlini kanye nawe. Kunjalo. Uyazi ukuthi kunjalo. Bavumele nje balalele noma yiyiphi into endala engcolile, onke lawomahlaya amadala nezinto abazishoyo. "Khulisa umntwana ngendlela afanele ahambe ngayo."

60 Akumangalisi sinobuhlongandlebe bentsha, qhabo, sinobuhlongandlebe babazali, sinobuhlongandlebe basekhaya. UJunior uphandle ndawondawo nemoto yakhe yejubane ngeSonto, udade uzansi emculweni wokuzibinya, nomama uphumele ephathini yamakhadi, nobabayi ungale kolunye uhlobo lomdlalo wamakhadi, nezihlalo zasesontweni zihlezi zingenalutho ngoba iGazi likaNkulunkulu lincishiswe ebandleni likaNkulunkulu ophilayo. Uthanda uNkulunkulu ngayo yonke inhliziyo yakho, ungeke uzenze lezozinto, qiniso.

61 Enye into azama ukucima ngayo ukoma, uzama ukucima ukoma ngokukuvumela ujoyine ibandla. "O," uyacabanga, "Ngingowebandla, angidingi ukulalela into enjalo."

Ungahle ungadingeki ukuba uhlale futhi ukulalele, ubungaphuma, kodwa ngolunye usuku uzokwehlulelwa ngakho, noma kanjani, uzofanele ukumele lokho, bonke lobu buphukuphuku, ujoyine ibandla.

"Awu, inhlangano yami isibe yinhlangano yesikhathi eside."

Kungahle ukuba bekuyilokho, lokho akulona uphawu lokuthi uphephile, nakancane.

62 O, kudabukisa kanjani ukubona lokho okubusisiwe, ukoma okungcwele uNkulunkulu akufaka kubantu ukuba bomele Yena, nodeveli ekuphendukezela ukuze enze wena, "O, ngiyasonta, awunamsebenzi wokungitshela lezozinto, Mnu. Branham!"

63 IBhayibheli likhuluma ngalezozinto, futhi ngingumshumayeli futhi ngibophezelekile kuNkulunkulu ukuzichaza, khona-ke igazi lisukile ezandleni zami.

64 Kwenzekani kubo bonke abesifazane bePentecostal nezinwele zabo ezinde na? Lokho kwasha, akuzange na? Kodwa yiqiniso. IBhayibheli lathi lezizinwele zanikwa owesifazane kube udumo lwakhe. Akumangalisi ukuthi awunalo udumo olukhulu kakhulu, ulugundile. Uyazi ukuthi lokho kuyiqiniso.

65 Kwenzekani na? Ufanele ubuke kakhulu kwithelevishini, ufanele ulingise ingcweti yamabhayisikobho ethile eshade kane noma kahlanu, ehlala namadoda amathathu noma amane. Awunamahloni yini ukucima lokho koma ngamashinga anjalo nonondindwa njengalowo, futhi ushiye uMoya oNgcwele kaNkulunkulu udabukisiwe wasuka kuwe na? Impela.

66 Mhlawumbe kungcono ngiyeke kancane. . . Qhabo, anginjalo! Lalelani, kufanele kushiwo, futhi kuyiqiniso.

67 O, ukuba kuphela beningathatha uNkulunkulu abe yiSabelo senu esenelisayo! Ukuba kuphela ubungaguqula bonke lobo buphukuphuku kube sekukhonzeni uNkulunkulu! Kanjani uMoya oNgcwele, "Shanela phezu komphefumulo wami, shanela phezu komphefumulo wami!"

68 Nebandla selingene oNyakeni waseLawodikeya ukushaya nje isigujana ithamborini, noma lishaye upiyano phansi phezulu, ligxume futhi limemeze futhi lenze njengezwe ngaso sonke isikhathi, lapho uthando lukaNkulunkulu lusiphoqelela ukuba senze lokho okulungile. Yebo. Akumangalisi singafinyeleli ndawo, akumangalisi iziphiwo zingeke zingene ebandleni.

69 UNkulunkulu uzofanele abe nesisekelo sokubeka lelobandla kuso, Uzofanele abe nebandla ukuba afake lezoziphiwo kulo. Akasoze akufaka esigejaneni sento enjalo. Yiqiniso.

70 Konke kwehlukile, "NgiyiPresbyterian. Ngiyi-Assembly. NgiyiChurch of God." Yini leyo na? Ibhodwe alikwazi ukubiza iketela ngokuthi limnyama. Uma ungacabangi. . . UngokaKristu, unothando loMzimba wonke kaKristu, noma ngabe uyiMethodisti, iPresbyterian, i-Assemblies, noma iChurch of God, kumbe noma angaba yini.

71 O, uDavide, ngenkathi ememeza, "Ngilangazelela ukubona uMoya waKho, ngilangazelela ukubona inkazimulo yaKho njengoba ngiyibonile endaweni engcwele. Umphefumulo wami ukhalela Wena ezweni elomileyo eligagadekileyo lapho kungekho khona amanzi." Ukuthi lowomprofethi walubona kanjani lolusuku!

72 UDavide, ngale eHubweni 42:1 wathi, "Njengendluzele ilangazelela umfula wamanzi, kanjalo umphefumulo wami womela Wena, O Nkulunkulu."

73 Yena engumuntu wasemahlathini, uDavide wayejwayelene nemvelo. Nendluzele iyinyamazane idiye, futhi ngiyibonile izikhathi eziningi, ngingumzingeli mina uqobo. Banenja yasendle e-Afrika, futhi eMelika yimpisi, futhi lempisi ingumsheshelengwana, futhi lapho ifika endaweni ibona indluzele, inyamazane idiye, ithi nyelele ngobuqili nje ngakho konke engakwenza, izigcina izifihlile; futhi yileyondlela isono esenza ngayo, simsulwa.

74 Futhi lapho ithola ukuqondana ngqo nenyamazane yayo, iyagijima futhi yenze ukugxuma. Futhi inamazinyo amabili amade, abizwa ngamazinyo egazi amade. Futhi yona, indawo yayo eyintandokazi ukubamba inyamazane idiye encane ingemva nje komphetho wendlebe, ijulisa amazinyo ayo ngokujulile, umthambo omkhulu wegazi wenyuka ohlangothini, ugijimela enhliziyweni yayo. Nenja yasendle idumela lenyamazane idiye, bese ijulisa amazinyo ayo kuyo,

bese-ke ishwiba isisindo sayo phambi kwenyamazane idiye, lapho ikwenza, lawomazinyo amade anquma umphimbo wenyamazane idiye, ishona phansi, umfo omncane akasekho, igazi litshaza. Ngaphambi kokuba aqede ukukhahlela, kukhona amadazini ezinja zimnweshula kuze kuyofika ethanjeni.

75 Yileyondlela udeveli enza ngayo, niyaphuma, abanye benu zinganyana ezimsulwa, nizama ukudedela lamahwanqa amade akhule njengo-Elvis Presley, nesigejane esikhulu sezinwele ezilenga kwingemuva lentamo yakho, futhi ugqoke ijakhethi endala.

76 UNkulunkulu abusise leyondoda kulesosikole, kungekudala, eyathi, "Ngizovala lesisikole, kungenjalo nizoya ekhaya bese nibuya nigqoke njengabanumzane abahloniphekile." Amen.

77 Lapho begqoka kanjalo, baziphatha kanjalo, leyo yimfucumfucu yesitaladi, futhi akufanele ngisho nesakhamuzi esihle, kungasaphathwa umKristu.

78 Futhi abanye benu mantombazanyana niphumela esitaladini nenye yalezozinja zasendle ezindala ikushayela ikhwela, futhi uzithulule wena uqobo esigejaneni sehlazo, izingubo ezingcolile, nomama wakho ekhaya, mhlawumbe ekukhulekela. Futhi uzonikeza lokho abakubiza ngekhwela lempisi. Futhi uyaphenduka nalezo zindebe ezincane zipendiwe zonke, futhi, "*Ti-hi!*" uqalaze. Awuqondi ukuthi leyo yimpisi yesihogo emva kwakho. Phenduka kanye nje, futhi uzokuyisa ephathini yomculo wokuzibinya futhi usuphelile.

79 Empeleni, ukukhuluma ngalowopende ebusweni, nina besifazane bePentecostal nanivamise ukungakwenzi lokho. Kwenzekeni na? Ngiyanibuza nje: Kwenzekeni na? "Nigijime kahle; yini enivimbele na?" Ngabe ipulpiti lenu libe buthakathaka na? Khona-ke mkhipheleni ngaphandle, nithole umelusi ozoshumayela iqiniso. Uma ihlelo lakho li—likwenzele phansi, ungene kwelinye ihlelo. Impela.

80 Lalela, dadewethu, angiqondile ukukulimaza. Ngisanda kubuya e-Afrika, nasemazweni abahedeni, khona, lowo wumkhuba wabahedeni. AmaLawu ase-Afrika, yilapho ukudweba kuvela khona, abahedeni, yisibonakaliso sobuhedeni, futhi silahlwe nguNkulunkulu. Ubuso obuhle abusikho lokho uNkulunkulu akufunayo, ngumphefumulo omuhle Awufunayo.

81 Futhi lalelani, kwakukhona owesifazane oyedwa eBhayibhelini owapenda ubuso bakhe, futhi igama lakhe kwakunguJezebeli, noNkulunkulu wamphakela izinja. Ngakho ningabona ukuthi owesifazane obuso bupendiwe uyini ebusweni bukaNkulunkulu, yinyama yenja. Manje, kunjalo; angikusho lokho ukuba kube yihlaya, lelo yiqiniso. Ungakubona nje, uNkulunkulu unesicupho senja esihamba lapho.

82 Nezimpisi zesihogo, uzicuphile ukuze zikushayele ikhwela, zichoshe amathambo akho uze ungabi ngaphezu kwesifebe

sasesitaladini. Nakuba ungaphila nje ngokuhlanzeka kumyeni wakho njengoba ubungaba njalo, uyophendula ngokuphinga ngoSuku lokwaHlulela.

83 Nani madodana kaNkulunkulu, nivumela omkenu benze into enjengaleyo: Ngiyanidabukela! Angicabangi ukuthi kune*ndoda* eningi kini. *Indoda* ayikalwa ngepheya elikhulu lamahlombe abanzi, leso yisilwane, *indoda* ikalwa ngesimilo. Ngibone amadoda ayesinda amaphawondi angamakhulu amabili nemisipha njengenye yaleminyuzi phandle lapha, futhi ayengena*ndoda* ngayo kunokuba ilahle ingane isuke ezingalweni zikamama futhi imdlwengule; leso yisilwane, *indoda* yisimilo.

84 Nkulunkulu sisize! Lokho koma phakathi lapho kungokukaNkulunkulu futhi hhayi okwezwe. Nkulunkulu yiba nomusa!

85 Khona-ke uma lenyamazane encane idiye ishesha, nempisi iyidumela, uma ingakwazi ukufinyelela endlebeni bese iyihudulela phakathi ndawondawo (Izoyithola iyilungisa futhi izihlinzele.), futhi okunye ukubamba kwempisi ngukudumela inyamazane encane idiye emhlubulweni. Uma igeja umphimbo, umthambo omkhulu wegazi, ukubulala ngokushesha, (usikilidi, noma ukuphuza ugologo, noma umculo wokuzibinya), izoyidumela ngomhlubulo, bese-ke iziphosa, futhi leyo yingxenye yokubhalansa yenyamazane idiye. Ingemuva lisinda ukwedlula ingaphambili, ukuze ikwazi ukuphosa inyamazane idiye, iphumile ekubhalanseni.

86 Manje, uma inyamazane idiye encane ishesha, iswanguluka, kwenzekani na? Ingaziphosa ngangokuthi impisi izodluthula umthamo ongcwele uphume emhlubulweni wayo, yilokho uDavide ayekhuluma ngakho, isho iyahamba. Khona-ke iyopha kakhulu, ilimele, kade isemvuselelweni, futhi iza ilimele.

87 Futhi noma yimuphi umzingeli uyazi ukuthi uma ulimaza inyamazane idiye, futhi uma ingakwazi ukufika emanzini, awusoze wayithola, izogijima iqonde ngqo emanzini; ngike ngazibhekisisa isikhathi esiningi. Izophuza, bese igijima yenyuke bese izama ukubalekela izinja, ibuye, futhi ayisoze yawushiya lowomfudlana. Inqobo nje uma ingathola amanzi, izophila, kodwa uma ingawatholi amanzi, izofa emizuzwini embalwa. Yingalesosizathu uDavide athi, “Njengendluzele ilangazelela umfula wamanzi, umphefumulo wami womela Wena, O Nkulunkulu.”

88 Isithombe: Ifanele ithole amanzi noma ife. Bhekisisani, izindlebe zayo ezincane ziphakeme, inhliziyo yayo ishaya ngokushesha, impilo yayo iyishiya, amakhala ayo, nakho konke enakho, “O, manzi, ukuphi na? Aphi amanzi na?” Izwa izinja ezinkulu zihhewula, izofanele ifinyelele emanzini noma ife. Malibongwe iGama leNkosi uNkulunkulu! Lapho ibandla lifika kuleyondawo ukuthi lizofanele lithole uKristu noma life,

nizobona imvuselelo iqubuka ezweni, kodwa hhayi kuze kube, hhayi kuze kube yilesosikhathi.

89 O, lokho uNkulunkulu afuna ukukwenza ngebandla laKhe! Usithumelela iziphiwo, Usithumelela izimanga, Usithumelela imvuselelo, futhi nje sozela singene ngqo ezweni. Phumani, bahlakazekileyo.

90 Lapha esikhathini esithize esedlule ngangiseNdiya. Futhi ngosuku ngaphambi kokuba ngifike lapho, ngathola isiqephu ephepheni, ngenkathi ngifika, ngayizolo lapho, kwabakhona ukuzamazama komhlaba okukhulu. Futhi ngaphambi kokuba lokho kuzamazama komhlaba kwenzeke, niyazi ukuthi kwenzekani na? Konke . . .

91 Manje, iNdiya ayinazo izintango njengoba ninazo eTennessee, banezinkulu, izintango zamadwala. Futhi zonke izinkomo nezimvu zasuka kulezozintango ezinkulu futhi zaphumela maphakathi nensimu khona impela ekushiseni kwemini, futhi zama lapho. Zonke izinyoni ezincane ezazinezidleke zazo ezingoxeni ezincane kulezozintango nakulezo ezinkulukazi, izindonga eziphakeme, zashiya izidleke zazo zase ziphumela ehlathini zase zihlala ezihlahleni. Yini eyakwenza na? Futhi zahlala lapho kwaze kwaphela ukuzamazama komhlaba, uma kungenjalo, zaziyobhubha ngakulezozindonga naleyomibhoshongo emikhulu.

92 Futhi, mfowethu, dadewethu, ake ngisho manje: Uma uNkulunkulu ubenganikeza ukuzibonela kwemvelo enyonini ukuba isuke engozini ezayo, impela Angakunika umuntu. Ingozi isiseduze, suka kulezi ezinkulukazi ezindala, ezibandayo, ezigcina umthetho ngamehlo nje, izinto ezinesitashi engeyezwe, phuma futhi ubalekele maphakathi neNsindiso kaNkulunkulu, uJesu Kristu, iNdodana kaNkulunkulu ophilayo, futhi lapho unxuse umusa, ngokuba ukubhujiswa kuseduze.

93 Lapho ubona izimvuselelo nezinto ziqhubeka njengoba ziqhubeka manje, khumbulani nje, kufika imbubhiso. UJesu washo qobo lwaKhe, "Ngalolosuku lapho iNdodana yomuntu izembula Yona uqobo ivela eZulwini," Iyazembula Yona uqobo manje ngesihawu eBandleni laYo. Ukwembula okulandelayo kuzoba sekwaHlulelweni kulabo abaYinqabile.

94 "Umphefumulo wami womela Wena, O Nkulunkulu. Ngilangazelela ukubona amandla aKho, njengoba ngiwabonile endaweni yaKho engcwele." Eyangempela, inceku kaNkulunkulu yeqiniso ilambile futhi yomele uNkulunkulu, umnyakazo wokuqala kaMoya, umphefumulo wabo uyagxuma ukuba uWubambe.

95 Kodwa labo abanganaki kakhulu, babona uNkulunkulu enza izimangaliso futhi enza izinto njengoba Enzile ngenkathi Elapha emhlabeni, iVangeli lishunyayelwa, bahlala futhi bahlafune ushingamu wabo, balungise ukuzipenda kwabo,

bathi, "Ya, ngiqagele lokho kulungile." Ungaphunyuka kanjani ekulahlweni kolaka lukaNkulunkulu na?

96 O, wakhuluma ngezilimi, wathi, wenzenjalo noSathane. Angimelene nokukhuluma ngezilimi, ngiyazi ukuthi kukhona ukukhuluma ngezilimi kwangempela, futhi kukhona okungamanga. Ningamvumeli udeveli anidukise.

97 Wena uthi, "Awu, ngamemeza futhi ngasina eMoyeni."

98 Ngizibonile izinyanga bathakathi zenza okufanayo e-Afrika futhi ziphuze igazi ogebhezini lwekhanda lomuntu. Ungacabangi ukuthi lokho yingoba unakho. Lapho impilo yakho ihambisana noKristu, yilapho usunakho. "Niyakubazi ngezithelo zabo." Nezithelo zikaMoya ziluthando, ukujabula, ukuthula, ukubekezela, ubuvi, ubumnene, ububele, hhayi amagqubu, nokuqophisana, nokulwa, nokukhathazeka, nezimpikiswano.

99 Niyabona lapho naphuma khona nenza njengezwe, niphila njengezwe, nokuFika kweNkosi sekuseduze na? Nkulunkulu yiba nomusa, bantwana. Yenelisa lokho koma kulobubusuku ngoKristu. Ibandla selibanda kangakanani, seliphole kangakanani! Kodwa lokho kuqhathaniseka nomBhalo, kufanele kube ngaleyondlela.

100 Lapha eminyakeni ethile edlule, ezansi lapha eningizimu ngenkathi ubugqila babusemthethweni, babevame ukuhambahamba futhi babe nabathenga bathengisele abanye ababethenga izigqila, njengoba nje wenza ezimotweni namhlanje, endaweni yezimoto. Ubuyohamba uyothenga imoto, bese uyiyisa ngale bese uyithengisa kwenye indawo yemoto esike yasetshenziswa, benze izigqila ngaleyondlela eminyakeni eyedlula. Futhi kwakuyoba nabathenga bathengisele abanye abafikayo ababeyothenga lezozigqila.

101 Futhi ngoluny'usuku othenga athengisele abanye uyafika epulazini elithile. Nalezizigqila zathengiswa ngapha zivela e-Afrika, futhi zazi . . . zazikhala, za—zazingeke zisebenze, zazikude nekhaya lazo, zazingasophinde zibuyele emuva, zazingasophinde zizibone ingane zazo, zazingasophinde zimbone ubaba nomama, nhlobo. Zazithe ngqu ngaphesheya kolwandle lapha emkhunjini omdala, wezingodo, zazingeke ziphinde ziye emazweni endabuko futhi, ngakho abanikazi bazo babezodingeka bazithethise noma bazibhaxabule futhi bazenze zisebenze.

102 Futhi ngolunye usuku lomthengi uyafika, wathi, "Ngingathanda ukubheka izigqila zakho."

Wathi, "Zibheke."

103 Futhi waqaphela ezehlukene, ezinkulu, ezinamandla, nezinye ezincane, kanjalonjalo. Ukuthi zaziyo . . . Omunye phandle lapho ezenza zisebenze.

104 Futhi babenensizwa eyodwa ethize lapho, wawungadingeki ukuba uyenze isebenze, amahlombe ephakeme, isilevu siphakeme, "*Yebo*, *se*." Noma yini ofuna yenziwe, ibiyokwenza, wawungadingeki ukuba uyibhaxabule, yayikukho ngqo futhi ikwenze.

105 Umthengi wezigqila wathi, "Ngifuna ukuthenga lesosigqila."

Nomnikazi wathi, "Kodwa asithengisi."

Wathi, "Angikaze ngisibone isigqila esinjalo. Eziningi engizithengile, angikaze ngisibone esiziphatha kanjalo ngaphambili." Wathi, "Uke wadingeka usithethise na?"

Wathi, "Qhabo, mnumzane, sihlala njalo siphapheme. Siyisigqila esizedlula zonke engake ngaba naso."

Wathi, "Ngiyakutshela okwenzile, usenze ubasi phezu kwazo zonke ezinye."

Wathi, "Qhabo, mnumzane, siyisigqila njengazo zonke ezinye."

Wathi, "Awu, manje-ke, mhlampe usiphakela kangconywana kunoma wondla zonke ezinye."

Wathi, "Qhabo, sidla phandle ekamelweni lokuphakela emkhunjini nazo zonke ezinye izigqila, njengoba nje zonke zenza."

Wathi, "Awu, yini esenza sehluke kakhulu kangaka kunezinye na?"

106 Wathi, "Bengihlale ngizibuza lokho qobo lwami, kwaze kwathi ngelinye ilanga ngathola ukuthi ngale ezweni lendabuko lapho zivela khona, siyindodana yenkosi, uyise uyinkosi yesizwe. Futhi nakuba singowezizwe futhi sikude nekhaya, sisazi ukuthi siyindodana yenkosi, siziphathisa okwendodana yenkosi."

107 Nkulunkulu uSomandla, yiba nomusa! Nakuba singabezizwe kulelizwe elimnyama lesono nosizi, besifanele siziphathe njengamadodana namadodakazi kaNkulunkulu, futhi hhayi njengezingulube zezwe. UBaba wethu uyiNkosi! Yini esiyikhathalelayo ngokubusa kukadeveli na? Asiziphathise okwamadodana namadodakazi kaNkulunkulu sithatha iZwi laKhe, futhi sibize noma yini ephambene ngokungathi yayingenjalo. Asiphile, futhi senze, futhi sigqoke, futhi sikhulume, futhi sicule, futhi simemeze, futhi sithande iNkosi, futhi siziphathise okweNkosi ngokukholwa yiZwi laYo. Singamadodana namadodakazi eNkosi yaseZulwini yeqiniso nephilayo, uNkulunkulu uSomandla.

108 "Umphefumulo wami womela Wena ezweni elomileyo eligagadekileyo lapho amanzi engekho khona." Kucabangeni sisakhothamisa amakhanda ethu umzuzwana nje.

109 Lalelani, owesifazane ongumKristu, indoda: Selokhu uze kuKristu, ngabe uziphatha njengoba umKristu efanele na? Noma uzichezukele kwelinye ihlelo elincane, uthi, "Mina neqembu lami elincane, sikukholwa nga*le*ndlela. Asizukuzihlanganisa ngalutho na*lokho* noma *lokhu*, singazihlanganisi ngalutho na*lokhu* noma *lokho*." O, kwangathi uNkulunkulu angakhuluma emphefumulweni wakho kulobubusuku! Yini esingayenza na? Ihora liyeza lapho uzonxiba khona lokhu, futhi awuzukukuthola.

110 Mngane oyisoni okude noNkulunkulu, owesifazane omncane, indoda encane, uyaqonda ukuthi uzama ukucima lokho koma uNkulunkulu akunika khona ukuba womele Yena, futhi ukucima ngezinjabulo zikadeveli na? UMose washiya iGibhithe, ukuba abe nguFaro waseGibhithe, ethi ukuthukwa ngenxa kaKristu kuyingcebo enkulu kunengcebo yaseGibhithe, ngokuba wakhuthazela sengathi uyaMbona Ongabonwayo.

111 Khumula lezozingubo, nenekazi, zigqokise izinto ezibukeka zihloniphekile, vumela izinwele zakho zikhule futhi ugeze ubuso bakho. Nina madoda, nifanele nibe ngamadoda. Nihambahambe nepaki likasikilidi ephaketheni lenu, nedikoni ebhodini, izigazu, nithatha esincane, isiphuzo sokuzijabulisa, nihlala ekhaya futhi nibukela ithelevishini, ugeza imoto yakho ngeSonto, esikhundleni sokuhlala kuSonto sikole, awunamahloni na?

112 Baba waseZulwini othandekayo, Nkulunkulu, angifuni ukuba luhlaza, kodwa ngingenzani lapho umphefumulo wami umemeza, Nkosi na? Ngicabanga ngomehluko phakathi kwamanje naseminyakeni embalwa nje edlule ngenkathi ngilapha eChattanooga. Yeka ukuwa, yeka umehluko! Futhi uMoya wami uyadabuka. Nkosi, nakhu ngisho obunye ubusuku obubili bomhlangano, nehholo elikhulu elincane ebeligcwele, namakhulu ayishumi nanhlanu ajikile, futhi manje kukhona okwenzekile . . . [Akuqoshwanga eteyipini—Umhl.]

113 Lapho uMoya kaNkulunkulu ufika futhi wembula futhi ukhombisa uBukhona baKhe, abantu bahlale bethule nje futhi bengakaze babonakale bexhuxhuma ngoMoya waKho, konke nje phakathi kwaleyomihobholo, ubugovu, abefundisi behilana. O Nkosi, isimo esinje pho! Yiba nomusa, Nkulunkulu. Yini esingayenza, Nkosi na? Abesilisa nabesifazane abangeke bakhulume komunye nomunye ngenxa yemehluko yamahlelo, yiba nomusa, Nkulunkulu.

114 Siyakhuleka, Nkosi, ukuthi lolubizo manje, kwangathi imiphefumulo yabo engakhumbula usuku lwasekuqaleni, ongafunda iBhayibheli futhi azi ukuthi uNkulunkulu usendaweni yaKhe engcwele, kwangathi umphefumulo wabo womele kakhulu ukuba kanjalo, Nkosi, nokubona amandla aKho amakhulu evezwa futhi. Siphe khona, Nkosi.

115 Abesilisa nabesifazane lapha sebebanda kakhulu futhi benganaki, baze babonakale ngempela becabanga ukuthi benza kahle, nyakazisa imiphefumulo yabo kulobubusuku, Nkosi, futhi kwangathi bangahogela umoya opholile ovela emfudlaneni opholile wokuthula nokuphulukisa, isikhathi eside futhi benelise ukoma kwabo, futhi banikele izimpilo zabo kuWe futhi, Nkosi.

116 Bashukumise njengoba kwenza ukhozi esidlekeni salo, kwenze kube lusizi kakhulu kubo ukuthi bazovuma, akunandaba ukuthi ubani ohlezi lapha, kodwa bazovuma ukuza, baphakamisele izandla zabo kuWe, futhi bathi, "Ngigeze, O Nkosi, futhi ungivivinye. Uma kubakhona noma yiliphi iphutha kimi, lisuse futhi ungihlanze, O Nkulunkulu, ngenkathi kusekhona isikhathi sokuhlanzwa, ngenkathi uMthombo usavuliwe." Siphe khona, Nkosi.

117 Futhi sisahlezi emkhulekweni nawo onke amakhanda ekhotheme, ngiyamangala nje, bangaki kini, nani nonke bangane abayizoni, ningaziphakamisa nje izandla zenu kuKristu, futhi nithi, "Yiba nomusa kimi, Nkulunkulu, ngiphakamisa isandla sami"? Phakamisa isandla sakho, uzokwenza lokho na? INkosi ikubusise. UNkulunkulu akubusise. Phezulu kovulandi abasesitezi ngakwesokudla sami, phakamisa isandla, phezulu lapho, mngane oyisoni, uthi, "Manje ngizothatha umhlala phansi esonweni, ngemukela uKristu, sengiqedile ngesono."

118 Uvulandi osesitezi ngemuva, uvulandi osesitezi ngakwesokunxele, phakamisa isandla sakho. UNkulunkulu akubusise. Noma ubani okwiphansi eliphakathi nendawo lapha na? Phakamisa isandla sakho, uthi, "Yiba nomusa kimi, Nkulunkulu, ngi—ngi . . . " UNkulunkulu akubusise, mnumzane. UNkulunkulu akubusise. "Manje ngiyalibona iphutha lami, ngizamile ukuya ezindlini zokubhejela, Mfowethu Branham, ngizame yonke into, ngijoyine ibandla, ngenze konke, futhi akukho lutho olwenelisayo. Ngifuna ukuza kuleyondawo lapho engingaba noKristu njengeSabelo sami esenelisayo, futhi Uzofakaza okufanayo emuva kimi ngokungigcwalisa ngoMoya waKhe. Manje ngiyaMemukela, ngifuna Yena akwenze kulobubusuku."

119 Esinye isandla noma ezimbili ngaphambi kokuba siqhubekele phambili na? UNkulunkulu akubusise, mnumzane. Omunye umuntu na? UNkulunkulu akubusise. UNkulunkulu akubusise, nenekazi. Omunye na? "Yiba nomusa kimi, O Nkulunkulu," ubuyosho. Noma yikuphi esakhiweni ngaphambi kokuba sivale na? UNkulunkulu akubusise, nenekazi. Omunye, ngaphambi nje kokuvala manje na?

120 Ngizocela nina bahlubuki owaziyo ukuthi nenze okungalungile, awunamahloni khona lapho, mngane na? Uzofa. Ngabe kukhona Okuthile kuwe, elibuthakathaka kunakho

konke, iPhimbo elincane likhuluma ndawondawo, lithi, "Woza kiMi, mntwana, ungeke wafa kulesisimo, uma ukwenza, uyazi ukuthi ulahliwe"?

121 Ungasiphakamisa isandla sakho na? Yithi nje, "Nkulunkulu, manje ngiphakamisela isandla sami kuWe, ngithi, 'Yiba nomusa kimi, ngifuna ukubuyela ekhaya. Nkulunkulu, kusukela kulobubusuku kuqhubeke, ngifuna ukweneliseka futhi ngibe nalowomuzwa omuhle engangivame ukuba nawo, lokho kukhonza kwangempela nenhlanganyelo lapho engithanda nje ukufunda iBhayibheli futhi ngiye esontweni futhi ngicule amaculo amadala, ngifuna ukuba nalokho futhi.'" Ungasiphakamisa nje isandla sakho na?

122 UNkulunkulu akubusise, mnumzane. Kuthatha indoda yangempela ukwenza lokho, mfowethu, kodwa nginokwethemba kumuntu owenze iphutha futhi ethanda ukuvuma ukuthi unephutha.

123 Manje, kinina sigejane samaKristu, nina besifazane nabesilisa ozame ukwenelisa lokho koma okungcwele ngezinto zezwe, uma unanoma yimuphi umgomo wamaKristu wangempela futhi unecala, ungasiphakamisa isandla sakho kuNkulunkulu, bese uthi, "Nkulunkulu, yiba nomusa kimi. Kusukela kulobubusuku kuqhubeke ngiguqula izindlela zami"? Phakamisa isandla sakho. UNkulunkulu akubusise. Yileyondlela, yileyondlela yokukwenza. Amen.

124 Uvulandi osesitezi ngakwesokudla, phakamisa isandla sakho, woza, mKristu. UNkulunkulu akubusise, phezulu lapho, kunjalo, ndoda, nginokwangempela, ukwethemba kwangempela kuwe. Uvulandi osesitezi ngemuva. UNkulunkulu akubusise, lokho kuhle. Uvulandi osesitezi ngakwesokunxele, phakamisa isandla sakho. Uthi, "Kusukela manje kuqhubeke. . . " UNkulunkulu akubusise. "UNkulunkulu ukhulume enhliziyweni yami." UNkulunkulu akubusise, kunjalo, amadazini ezandla ndawo zonke. "Nginamahloni ngempilo yami, ngenze okungalungile, ngiyazi ukuthi nginephutha Mfowethu Branham, bengingafanele ngikwenze lokho."

125 Bangaki lapha ongakaze abe noMoya oNgcwele, futhi ufuna uMoya oNgcwele uze kuwe manje, nokukubusisa, nokukunika. . . ? Kade uphansi naphezulu, phansi naphezulu, kubukeka sengathi a—awukaze phezu kwendlu, kodwa amahora ambalwa nje ngesikhathi, bese kuthi-ke ngosuku olulandelayo usezansi ezindaweni zokulahla udoti, njengoba sikubiza kanjalo, khona-ke a—awubonakali neze ugcina ukunqoba, lokho nje ukuphila okuphakathi nendawo. UNkulunkulu akafuni ube njalo, Ufuna wena ugcwale umusa waKhe namandla ngaso sonke isikhathi. UNkulunkulu ukuphathele khona. Ufuna ukukwemukela ngokuphakamisa isandla sakho nje, uthi, "Nkulunkulu, Uyasibona isandla sami"?

126 Ndoda, uNkulunkulu akubusise. UNkulunkulu akubusise, yebo, yebo, nxazonke nje. Phakamisa isandla sakho futhi ubone ukuthi kuzwakala kanjani, kusho nje ngokusuka enhliziyweni yakho. UNkulunkulu akubusise, kunjalo. UNkulunkulu akubusise. Nxazonke kovulandi abasesitezi, ngiyakubuka. Impela, uNkulunkulu uyakubona uma ngingakuboni. UNkulunkulu akubusise, mnumzane. Kuhle lokho. O, ayibusiswe inhliziyo yakho. Yilokho iChattanooga ekudingayo, yilokho umhlaba wonke okudingayo, yimvuselelo.

127 Seniphelile nonke na? Ngabe uMoya oNgcwele ukhulumile, ukuze nje. . .abanye futhi abambalwa na? UngaWuvumeli wedlule. Niyazi, kusasa kungahle kube leyithi kakhulu, ungahle ungakwazi ukukwenza kusasa. Niyabo, u—uziphendule wena uqobo ngenxa yokuqophisana phakathi kwamabandla namahlelo, nabantu, na—nakho konke ukutamasa kwezwe.

128 Abantu baseMelika bafuna ukujabuliswa, abasalifuni iVangeli, bafuna ukuzijabulisa. Futhi udeveli ubanike konke angakwazi, wabaholela nje bangena macala onke, yonke into, futhi abasamomeli uNkulunkulu.

129 Zonke izinganyana kulelizwe, amaphesente angamashumi ayisishiyagalolunye-nanhlanu ezinganyana eChattanooga bezingakutshela kakhulu ngoDavid Crockett kunoma bezingakutshela ngoJesu Kristu. Amapesente angamashumi ayisishiyagalolunye-nanhlanu abesifazane angakutshela okuningi ngo-Arthur Godfrey noma u-Elvis Presley kunoma babengakwazi ngoJesu Kristu. Kucabangeni, kucabangeni. Aniboni ukuthi sekuhambile na?

130 Balekani, mKristu, kukhona uMthombo ovulekile, aManzi aseduze, ukuPhila kuseduze, balekelani kuKho ngokushesha. Phuza, phuza, uphuze uze ungabe usakwazi ukuphuza, uNkulunkulu uzokwenelisa lokho koma. UNkulunkulu anibusise.

Manje, ngizonikhulekela.

131 Nkosi Nkulunkulu, kulona omncane, umlayezo ophukile kulobubusuku kube ngaphezu kwezandla eziyikhulu namashumi amahlanu noma ngaphezulu, ezingamakhulu amabili, ziphakamile ukuthi balangazelela ukuKukhonza. Abahlubuki abaningi, abaningi ophila esonweni, futhi abasakufuni okwalokho, bafuna okuningi, bafuna ukuza eMthonjeni kulobubusuku. Balunywe yizinja ezinkulu zesihogo, bashukunyiswe yiwo wonke umoya wemfundiso, kodwa bafuna ukuza kuKristu kulobubusuku engxenyeni eyenelisayo uNkulunkulu abanika yona. Siphe khona manje nje, Nkosi, sisalindele ukuKubona ubonakala enkundleni.

132 Woza, Nkosi, makuthi lezizethameli zazi ukuthi Ulapha, ukuthi Uyavuma, ukuthi umlayezo unikezwa esikhundleni sazo, hhayi ngobandlululo, kodwa ebumsulweni bemiBhalo

nenhliziyo ethanda uNkulunkulu nabantu baKhe. Yizwa, Nkosi. Sibanikela kuWe, eGameni likaJesu. Amen.

133 Yibani nenhlonipho yokuzithoba umzuzwana nje. Ningangithukutheleli ngokushumayela ngokuqondile nokuhlanzekile, ningahle nehluke kimi, kodwa fundani iBhayibheli lenu.

134 Umlayezo wokuphulukisa kwaPhezulu uyamangalisa, kodwa ukuphulukisa ngokukaNkulunkulu kuyinto nje ethize yokuheha ukunaka kwakho. Uma uphulukisiwe, ukuphulukisa ngokukaNkulunkulu, ungahle ugule futhi; uLazaru wavuswa kwabafileyo, waphinde wafa futhi. Udokotela angakuphulukisa ngenyumoniya ngokukunika umjovo kazifozonke, noma, ubulale amagciwane kuwe, futhi kusasa akumemezele ukuthi uphilile saka, futhi ngoMsombuluko ungafa ngenyumoniya futhi. Impela.

135 Kodwa uma usindisiwe, lokho kwehlukile, unokuPhila okuPhakade, ukuPhila kwaphakade. Awunayo impilo yaphakade, kodwa unokuPhila kwaphakade. Kwemukeleni kulobubusuku, bangane.

136 Manje asihloniphe ngokuzithoba umzuzwana nje. Ukuze nje nazi, lamaKristu amancane nalabo ababuyela kuKristu ngaphambi kokuba senze ukubizela e-altare, ukuze nazi ukuthi uMoya oNgcwele ulapha, sizokhulekela abagulayo. Kodwa ngifuna nihloniphe ngokuzithoba umzuzwana nje. Ngeke ngakwenza lokho, isikhathi sesihambile kakhulu.

137 Kulungile, bangaki phakathi lapha ongenalo ikhadi lomkhuleko futhi ufuna uNkulunkulu akuphulukise na? Phakamisa isandla sakho umzuzwana nje. Kulungile, hloniphani ngokuzithoba.

138 Uma uMoya oNgcwele, uma nginifundise iqiniso, impela . . . UKristu, ngenkathi Elapha emhlabeni Wazikhomba Yena uqobo ngokutshela uPetru ukuthi wayengubani igama lakhe, etshela amaJuda ngenkathi efika, uNathanayeli, lapho atholakala khona phansi komuthi ngaphambi kokuba afike, watshela owesifazane emthonjeni izono zakhe, futhi njalo ngesikhathi Enza lokho, bakuqonda ukuthi nguMesiya. Ngabe kunjalo na? Bangaki owaziyo ukuthi lelo yiqiniso na?

139 Kodwa awusoze wathola umBhalo lapho Akwenza khona phambi kwabeZizwe. Wathi, "Ningayi kwabeZizwe, ngokuba izinsuku zabo azikagcwali okwamanje, kukhona izinto ezingakanqwabelani okwamanje, banosuku lomusa." Lolo yilolusuku.

140 Futhi ngenkathi Ekwenza phambi kwabo, bathi, "Ungumbhuli, uBelzabule."

UJesu wathi, "Nisho lokho ngaMi . . . "

141 Ubani owasho lokho na? Abaholi abakhulu bezenkolo, amadoda angcwele nadumile. UJesu wathi, "Uyihlo... Ningabakayihlo udeveli." Kodwa Wathi, "Nikhuluma lokho ngokumelene naMi, Ngizonithethelela; nxa uMoya oNgcwele efika futhi enze into efanayo," ngenye indlela, "izwi elilodwa elimelene naWo alisoze lathethelelwa kulelizwe, noma ezweni elizayo."

142 Ngingahle ngingaphinde nginibone, mhlampe yisikhathi sami sokugcina eChattanooga, sisondele kakhulu ekupheleni. Ngiya phesheya kwezilwandle, isimangaliso esisodwa esenziwa kulomhlangano, isimangaliso esisodwa esenzeka ngokubona okufihlakele, ngike ngabona ngesinye isikhathi kwenzeka, nabahedeni abaluhlaza cwe abayizinkulungwane ezingamashumi amathathu bemukela uKristu. Ngenza umkhuleko owodwa, nezinkulungwane ezingamashumi amabili nanhlanu zama ngezinyawo zazo, abakhubazekile, izinyonga, nezimpumputhe, futhi waphulukiswa. Futhi ngakusasa ekuseni amaloli agcwele ayisikhombisa ezinduku zokuqhugela, nezinto, ehla ngezitaladi zaseThekwini, eNingizimu Afrika, nabantu behamba ngemuva, becula elithi *Kholwa Kuphela*.

143 "O, kodwa kusobala, singabamabandla athize, sazi kangcono kunalokho."

144 Qhubeka, yileyondlela, qhubeka nje; iBhayibheli likaNkulunkulu livuliwe ukukutshela. Kodwa ubophezelekile kulokho okushoyo ngakho futhi ukwenze ngakho.

145 Uma uKristu iNdodana kaNkulunkulu, engaziyo ukuthi ukhona manje, uma uMoya waKhe...Bangaki oke waba semihlanganweni ngaphambilini futhi waMbona ekwenza na? Ake sibone izandla zenu, kuso sonke isakhiwo, nomaphi. Impela.

146 Uma uKristu, iNdodana kaNkulunkulu...Wethembisa izinto Azenza, siyozenza, futhi. Owesifazane wathinta ingubo yaKhe, futhi Waphenduka, wathi, "Ubani oNgithintile na?" Wayengazi, Wayengeke akusho lokho ukuba Wayazi.

Futhi baMkhuza, bathi, "Bonke uyaKuthinta."

147 Wabheka waze Wathola ukuthi kwakungubani, futhi Wamtshela ukuthi izinkathazo zakhe yayiyini futhi waphulukiswa. Bangaki abaziyo ukuthi lelo yiqiniso na? Impela.

148 IBhayibheli lathi UngumPristi oMkhulu onokuzwelana nobuthakathaka bethu khona manje. Khona-ke uma Ekhona... Futhi uma leyongxenye yeBhayibheli iqinisile, konke okunye kwakho kuqinisile.

149 Nina eningenawo amakhadi omkhuleko...Amanye amakhadi omkhuleko, sizowabiza kusasa ebusuku, mhlawumbe iqembu lonke lenu. Ngifuna labo abangenawo amakhadi omkhuleko. Bheka ngapha futhi ukholwe. Bangaki ophandle

lapho owaziyo ukuthi ngiyisihambi kuwe futhi angazi lutho ngawe na? Phakamisa isandla sakho, noma kuphi, angikhathali ukuthi ukuphi. Kulungile, kholwa.

150 Angisho ukuthi Uzokwenza, ngethemba ukuthi okungenani Uzosinika okuthathu njengokuqinisa. Kuyini na? Ngiyazinikela nje kuMoya oNgcwele. Ukukholwa kwakho kuthinta uKristu, uKristu uphendukela emuva futhi nje usebenzisa iphimbo lami ukukhuluma nawe.

151 Wathi, "Mina ngingumVini, nina ningamagatsha." Niyakwazi lokho, uJohane oNgcwele 15 na? Khona-ke igatsha lithela isithelo, hhayi umvini, umvini unikeza nje ukuphila e—egatsheni, futhi uma kungumvini wethanga, lizonikeza amathanga; uma kuyikhabe, linikeza amakhabe; uma kungamagilebhisi, linikeza amagilebhisi; uma KunguKristu, Liveza uKristu; uma kungelukhuni, isayense yezenkolo eyisitashi njengoba babenayo emuva lapho, yilokho elizokuveza; kodwa uma KunguKristu, Liletha uKristu.

152 Uyakholwa ngenhliziyo yakho yonke na? (Bhekisisani manje, lapho amakhadi amathathu ehlolwa kuqala, nginake.) Angikwazi ukukwenza, nguwe. Bheka kuKristu, umPristi oMkhulu, futhi uthi, "Kristu, ngiqondile ubusuku nobusuku futhi ngabona lezozinto zenziwa. Manje, leyondoda ayingazi, futhi uma nje Uzokhuluma nami, Nkosi, ngiyagula, ngidinga Wena, futhi nje ukuqinisa ukuthi Ulapha, ngizoKukholwa ngayo yonke inhliziyo yami." Kholwa nje ngayo yonke inhliziyo yakho manje, futhi ubone ukuthi uNkulunkulu uzokupha yini.

153 Nanti inenekazi lihlezi, lingibuka, khona emuva lapha, livele nje lanyakazisa ikhanda lalo emuva naphambili esikhashaneni esedlule. Yebo, memu, wena onyakazise ikhanda lakho ngaleyonkathi. Unalo ikhadi lomkhuleko na? Awunalo. Uma uNkulunkulu ezokwembula kimi ukuthi iyini inkathazo yakho, uzomkholwa uNkulunkulu na? Uyagula, ufuna umkhuleko, awunjalo na? Ukhulekile ngaphambi kokuba usuke ekhaya ukuthi uzongena emgqeni womkhuleko. Futhi ngenkathi ngisho lokho esikhashaneni esedlule, uthe phakathi kwenhliziyo yakho, "NgiyaKucela, Nkulunkulu, ukuba umenze angibize." Uma lokho kunjalo, phakamisa isandla sakho. Kulungile, unenkathazo yesisu. Uma lokho kunjalo, yima ngezinyawo zakho. A—awunakhadi lomkhuleko. Asikaze sihlangane empilweni yethu yonke, asazani, uma lokho kunjalo, phakamisa isandla sakho. Kulungile, ungaya ekhaya manje, usuphulukisiwe.

154 Ngiyanicela nje ukuba nikholwe uNkulunkulu. Kuthiwani ngabanye benu bantu ngalapha, nizokholwa na? "Uma ukholwa, konke kungenzeka."

155 Inenekazi elincane elihlezi khona emuva lapho ekugcineni kohlu, unenkathazo yomgogodla, nenekazi. Khona phansi lapha.

Uyakholwa na? Unalo ikhadi lomkhuleko na? Unalo ikhadi lomkhuleko. Awu, qhabo, mnumzane, angikufuni lokho-ke, ikhadi lakho lomkhuleko. Awu, usuvele uphulukisiwe, empeleni, ngakho qhubeka nje. Ngeke udingeke uze emgqeni womkhuleko.

156 Omunye umuntu, ndawondawo. Ngiphosela inselelo ukukholwa kwenu! (Ngabe lokho okubili, noma okuthathu na?) Nkulunkulu, asibe nomunye futhi. Okuthathu kuyisiqinisekiso.

157 Uzikhomba mayelana nani, mnumzane na? Uyagula, futhi, uhlezi lapho, indoda ikhombe esifubeni sakho na? Unalo ikhadi lomkhuleko na? Awunalo. Wena nami siyizihambi komunye nomunye. Ngicabanga ukuthi lesi yisikhathi sethu sokuqala ukuhlangana, uNkulunkulu usazi sobabili. Uma Ezokwembula kimi ukuthi iyini inkathazo yakho, uzongikholwa ukuthi ngiyinceku yaKhe na? Uzokwenza na? Uhlushwa yisifo sikashukela. Kunjalo. Awusuye owakulelidolobha, ungowase-Atlanta, eGeorgia. Igama lakho nguMnu. Adams. Lelo yiqiniso. Kulungile, hamba uye ekhaya futhi uphile uma ukukholwa.

158 Uyamkholwa uNkulunkulu na? Uyakholwa ukuthi uBukhona baKhe bulapha na? Khona-ke nina bantu enifuna uNkulunkulu empilweni yenu, yenyukelani lapha e-altare. Ngifuna ukunibuza okuthize umzuzu nje ngaphambi kokuba nikwenze.

159 Asikhuleke, khothamisani amakhanda enu. Manje yisikhathi sokuphulukiswa, akunandaba ukuthi yini engalungile ngani. Ngifuna nikhuleke lomkhuleko emva kwami, yishoni into efanayo engiyishoyo:

160 Nkulunkulu uSomandla, Mdali wamaZulu nomhlaba, Mqalisi wokuPhila okuPhakade, Mnikezeli wazo zonke izipho ezinhle, thumela umusa kimi ngeNdodana yaKho uJesu. Manje ngiyakholwa ngokushunyayelwa kweZwi, ngokusebenza kukaMoya, ngikholwa ukuthi uKristu ukhona, manje ngiyaMemukela njengoMphulukisi wami. NgizoKukhonza, Nkosi, inqobo nje uma ngisaphila. Futhi ngiyaKwethembisa, kusukela kulobubusuku kuqhubeke ngemukela ukuphulukiswa kwami, futhi ngibiza lezozinto ezikhona, ngokungathi azikho, ngoba ngiyalikholwa iZwi laKho. Ngisize, Nkosi, eGameni likaJesu.

161 Manje, qhubeka nje uzivalele ngaphakathi, qhubeka nje uzivalele ngaphakathi, qhubeka ukhuleka. Lowo—lowo ngumkhuleko wakho. Ubukuqondile na? Uma ubukuqondile, uzobona into ethize yenzeka emzuzwini ongakaze uyibone ngaphambili. UBukhona baKhe bulapha. Manje ngizonikhulekela, qhubekani nikhuleka. Manje qhubekani nithi, "Nkosi, Uyangena, ngiqala ukuzizwa ngingcono, ngikholwa ukuthi uMoya oNgcwele ulapha, kukhona okwenzeka kimi." Ngizonikhulekela.

162 Nkosi Nkulunkulu, kulotshiwe eZwini, futhi, o, "Lezizibonakaliso ziyakubalandela abakholwayo." Kulotshiwe futhi, "Uma uthi kulentaba, 'Nqukuleka,' futhi ungangabazi enhliziyweni yakho, kodwa ukholwe ukuthi lezozinto ozishoyo zizofezeka, ungaba nakho okushoyo."

163 Nkosi, iminyaka engamashumi amabili nesikhombisa ngizamile ukuKukhonza phansi naphezulu esizweni nasemhlabeni jikelele, uma ngifumene umusa emehlweni aKho, Nkosi, ngibona lababantu kulobubusuku emva kokulukhuni ngempela, ukushumayela okuqinile, ngibasola, kodwa ngibona izinhliziyo zabo ezithobekile ziphenduka, khombisa lababantu uBukhona baKho, Nkosi, futhi. Futhi mabazi, ngisho emva kokuba Uzibandakanye Wena uqobo phakathi kwethu, hhayi uKristu ofile, hhayi Lowo osesiphambanweni, kodwa Lowo osenhliziyweni ovukile kwabafileyo, futhi uyaphila kuze kube phakade. Malibongwe iGama laKhe eliNgcwele! NgiyaKucela ukuba uphulukise wonke umuntu oseBukhoneni bobuNkulunkulu.

164 Futhi ngiphosela inselelo udeveli eGameni likaJesu! Angedelele iZwi likaNkulunkulu, ngokuba iZwi likaNkulunkulu likudukisile, Sathane, futhi uphucwe onke amalungelo owake waba nawo. Ngenkathi uJesu efa eKalvari Wasinika izihluthulelo zoMbuso, futhi awusenalungelo langokomthetho emizimbeni yethu. Futhi siyakuyala eGameni likaJesu Kristu, shiya wonke umuntu ogulayo lapha, nawo wonke umuntu okhubazekile, wonke umuntu oyimpumputhe, wonke umuntu oyisithulu, wonke umuntu oyisishosha, wonke umuntu ogulayo, wonke umuntu, hamba! NgeGama likaJesu, ngiyakucela ukuba uhambe!

165 Hlala uvalelwe phakathi. Yiba qotho. Ngethemba ukuthi ngifumene umusa enhliziyweni yenu. Gcinani amakhanda enu ekhotheme, bantu. Ngingumfowenu, futhi nginitshela iqiniso: uKristu, iNdodana kaNkulunkulu ophilayo, ukulendlu. Manje, nakho ukuKhanya okulenga eduze, ngaphansi kwaKho ngubumnyama obuncane lokho nje okungukusola okuncane, inkolelo-ze encane. O, uma nje ubungafinyelela phezulu ngokukholwa, uthinte leyongubo elenga eduze kakhulu nawe! Kwenzeni khona manje, nivumile ukuthi niyokwenza. Kukholweni.

166 Futhi ngifuna umuntu wokuqala obeyisithulu, isimungulu, ophuphuthekile, noma okhubazekile obengakwazi ukunyakazisa isandla, mhlawumbe ubungeke usinyakazise isandla sakho, ngifuna uqale usinyakazise; ubungeke ubone ngeso elilodwa, noma, iso, buka ujule, ungabona manje; ubungezwa ngendlebe eyodwa, faka umunwe wakho endlebeni yakho ephilayo. Lalelani, owokuqala kini ozwa ukuthi uNkulunkulu uniphulukisile, ngifuna uze lapha emsamo, ufakaze futhi utshele abanye.

167 Uma bekukhona okungalungile, uma ubungeke usinyakazise isandla sakho, sinyakazise, sinyakazise, eGameni likaKristu, sinyakazise. Beka ukukholwa kwakho ekuvivinyweni. Uma ungasinyakazisa, sukuma, woza lapha. Uma ubungezwa, futhi usuyezwa manje, sukuma uze lapha. Uma ubuphethwe yikhanda, futhi sekuhambile, sukuma, woza lapha. Uma ubugula esiswini sakho, nokugula sekuhambile kuwe, kuwe, sukuma, woza lapha.

168 Nakhu kuza inenekazi manje ukunikeza ubufakazi, yileyondlela. Yenyuka, unike uNkulunkulu udumo. Thinta ingubo yaKhe. Nomaphi. O . . . ? . . . Nikukholwa ngempela na? Uthe ubuyokwenza, manje bona uma ukwenza, uKristu uyaligcina iZwi laKhe.

169 Omunye umuntu obengezwa, noma okuthize, khuphuka. Kunjalo, nenekazi, sukuma. Woza, omunye manje. Kunjalo. Ubungakwazi ukuhamba, yenyuka manje. Uma ubungakwazi ukukhuluma, yenyuka manje futhi ufakaze khona lapha. Ungakwenza. Awesabi, uyesaba na? Uyesaba ukubeka uKristu ekuvivinyweni na? Yini ebingalungile na? Uzizwa uphulukisiwe na? Phakamisa isandla sakho, ziphakamele, yenyukela lapha futhi asifakaze enkazimulweni kaNkulunkulu. Nika uNkulunkulu ithuba lo—lokuqinisekisa. Kunjalo. Woza. Niyababona beza na? Sukuma, uthi, "O, angikwazi ukukwenza." Kuzame kanye. Yileyondlela. Uma ubungakwazi ukuphakamisa isandla sakho, siphakamise. Uma ubungakwazi ukukhuluma, memeza kakhulu, "Haleluya!" Fakazisa ukuthi uyaMkholwa.

170 Uyakhohlisa nje? Ubudlala uKristu na? UKristu uzofanele aligcine iZwi laKhe. Ngime kanjani lapha naleyonselelo ubusuku nobusuku uma Engaligcinanga iZwi laKhe na?

171 Bukani lapha, balungele ukufakaza. Mhlawumbe izithulu ezithile, izimungulu, izimpumputhe, angazi ukuthi bekuyini, inkathazo yabo bekuyini. Noma ngabe bekuyini inkathazo yakho, woza, unike uNkulunkulu ithuba. Fakaza. Sukuma, ungesabi, ungabi namahloni. Unamahloni ngobufakazi na? Woza.

172 Beseza ukunikeza ubufakazi lapho bephakama, nina bantu eniphakamise izandla zenu esikhashaneni esedlule benifuna ukuphenduka, nifuna ukwenza impilo yenu ibe kahle, wozani lapha futhi nime lapha umzuzu nje, ngifuna ukukhuleka nani, phumani ngqo futhi nenyukele ngapha, nina eniphakamise izandla zenu esikhashaneni esedlule. Nawe owaziyo ukuthi ufuna ukuza futhi ubonge uNkulunkulu ngokususa ulaka kuwe, asuse izwe kuwe, futhi uzogqoka ngokwehlukile, uzokwenza ngokwehlukile, uzophila ngokwehlukile, ubukuqondile, yenyukela lapha, ubeqotho, sukuma ngase-altare lapha.

173 Manje ngifuna nina bantu nibuke lapho, ngifuna nina befundisi. Ningabona ukuthi yini edabula inhliziyo

yomshumayeli na? Ningabona ukuthi yini edabula uMoya oNgcwele na? Lapho abantu bezophakamisa izandla zabo ukuthi bazokwenza lokho, bese kuthi-ke bazohlala lapho futhi ngeke benyakaze. Yini esele ngaphandle kokwahlulelwa na?

174 Uyokhala ngolunye usuku lapho sengihambile. Kukhumbule lokho. Ngikhuluma eGameni likaJesu Kristu: Nizolangazelela ukuzwa lezizinto, futhi anisoze nazizwa. Wozani, ngiyanimema, eGameni likaKristu.

175 Ubunamahloni uphakamise isandla sakho na? Khona-ke ubungeke ube ngumKristu olungileyo kwasekuqaleni. Lokho kungubul'hlaza obubi kabi, kodwa, mfowethu, sekuyisikhathi sokuthi iVangeli . . . asikhumule amaglavu ezinganyana futhi sikhulume iqiniso. UKristu ulapha, Uvukile kwabafileyo, Ukhona, yingalesosizathu sizwa ngendlela esenza ngayo.

176 Woza manje. Kunjalo, sukuma. Uma umama ethi, "Hlala phansi," uthi, "Mama, hamba nami." Uma umyeni ethi, "Ungeke uhambe, noma ngizokushiya," yithi, "Uhambe kahle. Woza, siyahamba."

177 Kunjalo, yileyondlela yokukwenza. Yenyukela lapha ngqo futhi unikeze ubufakazi bakho siqu. Yehla kuvulandi osesitezi, wena ohlubukile, wena owenze okungalungile, futhi ofuna ukukulungisa noNkulunkulu.

178 Laba bazela ubufakazi bokuphulukiswa, sizoba nemvuselelo yangempela eqalwa lapha uma nje nizoma ngezinyawo zenu futhi nenze okuthize ngakho. UNkulunkulu akasoze akudonsela phezulu phakathi lapho, uzohamba ngentando yakho yokuzikhethela.

179 Uyakholwa na? Yenyuka futhi uthole ukuphulukiswa. Njengoba nje bephulukiswa, babumba umugqa. Labo abalungele manje ukuza futhi bathi, "Nkulunkulu, angikuboni. Abantu mabangibone, bazokwazi ukuthi bebesephutheni." Amanye amalunga ebandla na? Yebo. "Kodwa nakhu manje kuhlezi uNkosazana Jones lapha, manje, ubeyocabangani na?" Akusikho lokho akucabangayo, yilokho uKristu akucabanga ngawe na? Umphefumulo wakho womile, woza, kukhona uMthombo ovulekile. Sisalindile, woza manje:

> Kukhona uMthombo ogcwaliswe ngeGazi,
> Elimuncwe koka-Emanuweli . . .

Ungeze manje na? Ungasuki, hlala uthule manje, sizobona into ethize yenzeka.

> . . . izoni zibhukuda ngaphansi kwalelothantala,
> Kusuka onke amabala azo ecala.
> Kusuke onke amabala azo ecala,
> Kusuke onke amabala azo ecala;
> Nezoni zibhukuda phansi kwalelothantala,

180 Amakhulu abambe izandla zawo, ngiyamangala ukuthi kwenzekani. Balindele elinye ithuba, ngiyethemba niyalithola, ningahle ningalitholi. Ake nje ngiqathaze lokhu, kulokhu nje kudonsa enhliziyweni yami, kudonsa enhliziyweni yami, ngifanele ngikusho: Nibheke usuku olukhulu kakhulu, kodwa lolu ngolwakho lokugcina, lolu wubizo lokugcina. Manje, kubhaleni phansi lokho encwadini futhi nibone uma nike nibone izinto zenzeka ezinkulu kunoma nibona zenzeka manje. Khumbula nje, uzama ukukubeka kwenye indawo. Nina beZizwe ninemvuselelo emfishane ekugcineni, sekuthi nje ayiphele.

181 Kulungile, nina enimi lapha nizungeze i-altare (Wonke umuntu akahloniphe ngokuzithoba.): Unamahloni ngempilo yakho na? Ufuna uNkulunkulu akusize manje, yiba nomusa? Nkulunkulu busisa lona, inenekazi, woza ngqo, yileyo indlela. INkosi ibe nawe. UNkulunkulu akubusise, nenekazi. Kunjalo. Yenyuka ngqo, yima nje. "OzoNgivuma phambi kwabantu, yena Ngizomvuma phambi kukaBaba neziNgelosi ezingcwele."

182 Uma unamahloni ngempilo yakho, futhi ufuna uNkulunkulu akusize, ungasiphakamisa nje isandla sakho na? Ukuba ngase-altare lapha, kunjalo, ube ngowesilisa nowesifazane wangempela. "Noma izono zenu zibomvu, ziyakuba-mhlophe njengeqhwa."

183 Bukani ubufakazi bokuphulukiswa, kulokhu nje, balokhu bezwa amandla kaNkulunkulu ehamba kubo.

184 Befundisi, qoqanani emva kwami manje, ngamunye wenu. Lamadoda lapha angamadoda kaNkulunkulu, anamabandla lapha edolobheni, abambisanayo kulomhlangano. Azonilekelela, uma ungakakabi ngowebandla, uyaphenduka nje, azobona ukuthi ubhaphathizwe ngombhaphathizo wamaKristu, azokungenisa ebandleni njengelunga lebandla lawo, azokondla, enze okulungile. Angamadoda akholelwa kulenkonzo, yingakho elapha, ukumela.

185 Manje, wonke umuntu okhathalele lemiphefumulo, asikhothamise amakhanda ethu umzuzwana nje.

186 O Nkulunkulu oPhakade noBusisiweyo, laba abazisolayo abezayo kulobubusuku. . . Futhi kulotshiwe emBhalweni, "Akekho ongeza kiMi, uma uBaba waMi engamdonsi. Futhi ozoza kiMi Angisoze ngamlahlela ngaphandle." Kukhona abesilisa nabesifazane owonile futhi wenza lokho obekungalungile, bami lapha kulobubusuku bephenduka ngomehluko wabo—wabo, futhi benganaki kuWe. Abanye babo, akungabazeki, wenze ukuvuma emabandleni, kodwa abakaze baphile kulokho kuvuma.

187 O Moya oNgcwele oBusisiwe, shanela ungene emiphefumulweni yabo njengamanje futhi ubaphe umbhaphathizo kaMoya oNgcwele, babhaphathize othandweni

lwaKho namandla. O Nkosi, susa zonke izinto zokungamesabi uNkulunkulu kubo, khipha izwe kubo, Nkosi, ukuze banikelwe kuNkulunkulu ngalolosuku nguJesu Kristu, bengenaphutha futhi bengenasici, bemi ekulungeni kwaKhe yedwa. Siphe khona, Nkosi.

188 Lababefundisi bami babazungezile, abanye babo benezandla kubo, futhi bakhuleka kanye nabo. Ibandla likhothamise amakhanda abo. Siyawubona uMoya waKho lapho Uhamba udabula esakhiweni oletha ukulahlwa yicala, Uphulukisa abagulayo. Nakhu kumi uhlu lodumo nezimfakazo.

189 Nkulunkulu, sikhulekela ukuthi uMoya oNgcwele manje uzoqathazelwa phansi kulesisakhiwo njengomoya ovunguzayo onamandla, kwangathi Ungahlanza zonke izinhliziyo zabo esonweni, futhi uphe lababantu, ugcwalise izinhliziyo zabo ngokulunga. Khipha izwe kubo, Nkosi, futhi ubavumele bomele Wena. Futhi Wena wathi, "Babusisiwe abalamba bomele ukulunga, ngokuba bayakusuthiswa." Siphe khona, Nkosi. Kwangathi bangagcwaliswa ngokulunga kweNkosi yethu uJesu Kristu. Malibongwe iGama laKhe!

190 Ngamunye wenu omi lapha manje ophendukile ezonweni zenu, futhi uyakholwa ngenhliziyo yakho yonke ukuthi uJesu Kristu uze kuwe ngokuthula nothando, futhi uzizwa wehlukile kulokho ozizwele khona ngenkathi wenyukela lapha futhi nje waba nalelizwi lomkhuleko, ungasiphakamisa isandla sakho na? Wena ongase-altare lapha, phakamisa isandla sakho nje? Lokho kuhle. UNkulunkulu akubusise.

191 Manje, bangane abangabefundisi, yenyukelani lapha ngqo bese-ke nibaxhawula, futhi ninikele umkhuleko omncane ngamunye wabo. Manje yenyukelani kubo ngqo, nina, ngamunye, phezulu ngqo kubo.

192 Kulungile. Makuthi inenekazi manje elibeke lezi lapha . . . (Mfowethu Vayle, woza lapha.) Ngifuna . . .

193 Ngicela nizwe lezi zimfakazo manje njengoba ziza, ngenkathi laba besazenza bamukeleke emabandleni abo, nokunye nokunye.

194 Kulungile, nenekazi, woza ngaphambili ngqo manje ukuba ufakaze ukunikeza uNkulunkulu udumo.

58-0228 Umusa waKho Wothando
EMemorial Auditorium
EChattanooga, ETennessee E-U.S.A.

ZULU

©2026 VGR, ALL RIGHTS RESERVED

Voice Of God Recordings
P.O. Box 950, Jeffersonville, Indiana 47131 U.S.A.
www.branham.org

Inothisi yelungelo langokomthetho

Onke amalungelo agodliwe. Lencwadi ingaprintwa kwiprinta yasekhaya yenzelwe okuqondene nomuntu noma inikezelwe, ngesihle, njengethuluzi ukusabalalisa iVangeli likaJesu Kristu. Lencwadi ingethengiswe, iphinde ikhiqizwe zibe ningi, iposwe kwiwebsayiti, igcinwe ngohlelo lokuthi iphinde itholakale, ihunyushelwe kwezinye izilwimi, noma isetshenziselwe ukuzicelela izimali ngaphandle kwemvume ebhaliwe eshiwoyo ye Voice Of God Recordings®.

Ngolwazi olwengeziwe noma olwenye impahla ekhona, siza uxhumane ne:

VOICE OF GOD RECORDINGS

P.O. BOX 950, JEFFERSONVILLE, INDIANA 47131 U.S.A.

www.branham.org